

YIZWENI



Asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje senzele umkhuleko.

² Baba Nkulunkulu, kuseBukhoneni baKho obuNgcwele ukuthi siyeza manje, sizethula njengezinceku zaKho. Izinhliziyi zethu zivuliwe, izingqondo zethu zivuliwe, silungele futhi silindele uMoya oNgcwele ukuba wengamele, nokusihola nokusiqondisa ezintweni esifanele sizisho, nalokho esifanele sikwenze kulenkonzozo ezayo manje.

³ Siphe khona, Nkosi, ukuthi umlando uzokwenziwa, ukuthi inkazimulo kaNkulunkulu izokwaziswa ngokubonakalisa uMoya oNgcwele, izoni zingahle zifike, nabahlubuki babuyiselwe enhlanganyelweni, nokuthi abagulayo bayophulukiswa, neBandla laWo liyothokoza futhi liphile komunye umkhakha, Nkosi, lisondele ngokuthe xaxa kuWe. Ngokuba siyakucela, eGameni likaJesu. Amen.

⁴ Ningahlala phansi. UBilly usanda kungibuza manje, uthe ukuthola uma abantu bebelapha yini abebefuna ukuthola amakhadi abo omkhuleko abebengeke babuye kulobubusuku, ukuba bemukele amakhadi abo omkhuleko, ukuba mina ngibuze ukuthi bangaki abebewafuna, futhi baphakamise isandla. Futhi uyongivumela ngibuyisele imoto, futhi uyohlala ukuba anikeze amakhadi kulabo abebewafuna, lowo, mhlawumbe abanye abangakwazanga ukubuyela emuva ngesikhathi ukuba uthole ikhadi lakho lomkhuleko ligamenxe elesithupha kulobubusuku noma ngelesikhombisa nqo, ngicabanga ukuthi phakathi kokugamanxa kwelesithupha nelesikhombisa. Bawakhipha kuse-eli, ukuze kungabikho-kuphazamiseka. Noma mhlawumbe ubengashiya amanye amakhadi noLeo noma uGene lapha ukuba bawakhiphe.

⁵ Ngabe ukhona lapha ongakwazi ukubuya futhi ofuna ikhadi lomkhuleko, ongakwazanga ukubuya kulobubusuku ukwenzela ikhadi lakho lomkhuleko na? Awu, ngiyacabanga uBilly lapho... Ngibone inenekazi elilodwa ngapha ukuthi abanye benu bayolinika ikhadi lomkhuleko eqenjini elizonikezwa kulobubusuku, inenekazi khona ngapha, lizo... Bese kuthi-ke, ngokwazi kwami, unga—ungawakhipha khona-ke phakathi kokugamanxa kwelesithupha nelesikhombisa kulobubusuku.

⁶ Ngibe nenhlanhla yokuba nelantshi nomelusi wenu othandekayo nomkakhe othandekayo, emizuzwaneni embalwa nje edlule. Futhi bekuyisikhathi esihle ngempela senhlanganyelo. Ngimtshelile ngenkathi ngiya emsamo, emva kokudla sonke lesositeki iSwiss, ngifisa sengathi ubengathatha indawo yami kulentambama. Futhi ubezama ukungithengela

isiteki esikhulukazi—esikhulukazi, bengazi ukuthi lokho bekungeke kusebenze.

⁷ Ngakho kulobubusuku ingxenye enkulu isenkonzweni yakusihlwa, ukuthi lapho... Manje, angisadli. Manje, uma bengingaba nenkonzo kusasa, angisadli kuze kube kusasa ekuseni, ukudla kwasekuseni okulula, bese-ke kuba yidina eliwusayizi omuhle ngale cishe... Niyabo, kimi, ngiyazi ukuthi yilantshi kini nonke, kodwa kimi yidina. Niyabo? Futhi ngakho, niyabo, ya.

⁸ Angikwazi ukukwejoyela lokho, ngiyehlulwa ngokudla ndawondawo, angazi ukuthi kukuphi. Ngi... Sibe nje nedina, ukudla kwasekuseni, futhi, noma, ukudla kwasekuseni, idina, nesidlo sakusihlwa. Futhi ngingafakazisa ukuthi siqinisele: Kwakungesilo iDina leNkosi, kwakuyiSidlo sakusihlwa saYo. Ngakho ngangihlala njalo ngizwa sengathi ngangehluliwe kancanyana uma ngithi ukubiza lokhu idina ngesikhathi sasebusuku, khona-ke kuzoba kuphi ukudla kwami kwakusihlwa na? Niyabo? Ngi—ngihlala njalo ngilahlekelwa ukudla ndawondawo.

⁹ Awu, niyazi, ngisho neNkosi yayinamancoko, niyazi, ngakho ngiqagele abantwana baYo banawo, nabo. Sifuna ukujabula. Niyazi, bengifunda lapha esikhathini esithile esedlule, lapho kuthathe amaphesente angamashumi ayisishiyagalombili ngaphezulu emisipha ukuhlina kunoma kwenza ekumamathekeni. Ngakho kungcono ukuhleka kunokuhlina, akunjalo na? Kunjalo.

¹⁰ Kulentambama sifuna ukusondela eZwini. Futhi manje, okwesikhashana nje, bese kuthi-ke ukuze niphume kuse-eli, mhlawumbe emizuzwini engamashumi amane-nanhlanu elandelayo... Futhi manje, lokho bekuyoba yisikhathi eside kakhulu uma nje sizofaka yonke inhliziyi yethu eZwini, futhi makuthi uKristu abe nendlela yaKhe ngathi. Bese kuthi-ke kulobubusuku...

¹¹ Uma ngingaphosisi, ngikholwa ukuthi ngibona umngane wami olungileyo, uMfowethu, uDadewethu Collins emuva lapho ovela eKentucky, eLouisville. Lokho kuhle kakhulu. Mfowethu Collins, Dadewethu Collins, abangani bami abahle, ungumfundisi weMethodisti, nomfowabo, futhi. Futhi ngiyajabula... Kungani nonke niphezulu lapha kulelizwe na? Ngani, nikude nekhaya. Akusiso lesi esihle, isimo sezulu sasemazweni ashisa kakhulu na? Yilokhu engikuthandayo. O, ngingakumela lokhu, kodwa hhayi lokho kushisa, kuvele kungincibilikise, ngiyakuthanda lokhu.

¹² Into ethize ngakho, iqhwa, iqhwa elomile futhi ngilizwe lihlofozela ngaphansi kwamasondo kungikhumbuza ngenkathi ngisengumfana futhi sasivame ukushayela inqola endala ikalishi. Bangaki owaziyo ukuthi yini ikalishi na? Ngitshele

umkami ukuthi bengifanele ngigqoke ama-ovaloli ami kulentambama. Kunjalo impela nje. Khona ngapha nabafo abakhulele eplazini, njengoba nginjalo. O, ngiyanitshela, akukho okuningi kulokhu kugqoka, niyazi, futhi ngi... indlela engiyithanda kakhulu yokugqoka yipheya lama-ovaloli, ngiyakuthanda nje lokho, ngakhuliswa ngawo.

¹³ Khumbulani, ngenkathi sasivame ukuyobhukuda njengabafanyana na? Ngangingakaze ngigqoke iyembe cishe ngoMeyi kwaze kwaba semva kukaSeptemba. Futhi babevame ukungabi nakho esikubiza ngamaklasbhande, nonke nikubiza ngamasaspenda enhla lapha, ngiqagele, enyakatho. Futhi nganginentambo yefolishi. Bangaki abaziyo ukuthi yini intambo yefolishi na? Intambo yefolishi. Kukhona abanye abafo abasekhona lapha abavela ezweni. Futhi ngangingenayo inkinobho, nganginesipikili kube yinkinobho. Sewake wakwenza lokho na? Mfowethu Wood, yini indaba ngesandla sakho na? Angikaze ngisibone siphakeme.

¹⁴ Futhi sasigijimela emfudlaneni niyazi, futhi—futhi sasifuna ukudlala ubanner-maker. Owokuqala phakathi, niyazi, wayezothola ukuthi amanzi ayenjani. Uma amanzi ayebanda, sasiphakamisa umunwe owodwa; uma amanzi ayekahle futhi efudumele, saphakamisa iminwe emibili. Niyabo? Ngakho ngokuvamile ngangiba ngowokuqala ukungena, ngoba ngangingenakho okuningi ukuba ngikukhumule. Ngakho ngangivele nje ngigijime ngamandla ami onke, futhi nje lapho ngifika lapho, nje ngidonse leso sipikili esisodwa, niyazi, wawusulungele, lelopheya elincane lama-ovaloli lalimi nje emoyeni ngenkathi ngishaya amanzi, niyazi.

¹⁵ Ngakho ngiphakamisa iminwe emibili kulentambama, amanzi akahle, wozani ningene. Kukhona okuthize ngobuntwana! Lezozinsuku zegolide asizikhohlwa neze, siyazikhohlwa na? Kuyamangalisa nje.

¹⁶ Manje, e...Phenyani emaBhayibhelini enu, uma nifisa ukufunda, kuwo kanye lomBhalo ojwayelekile otholakala eVangelini likaMathewu oNgcwele, i—isahluko 17 sikaMathewu oNgcwele, ngifisa ukufunda ingxenye yaso.

¹⁷ Yibani semkhulekweni manje. Futhi kulobubusuku, khumbulani, wozani kuse-eli, nithole isihlalo esihle, nithole bonke abagulayo nabahluphekile benu, futhi nithole abafo abagulayo phezulu lapha ngaphambili kakhulu ngangokunokwenzeka. Bese-ke nibangenisa, ukuze kuthi izikhathi eziningi, emuva ngale, weqa omunye umuntu, kul'khuni, futhi ukhuluma njengasemuva le ngezinye izikhathi, kusobala kuyakwenza, nomaphi, bese kuthi-ke kodwa emuva ngaleyondlela, ukweqa, futhi ukhuluma kumuntu. Futhi uma bengaphenduli, khona-ke kubonakala sengathi ukuKhanya kuyadeda kubo, futhi khona-ke a...khona-ke a—a—angazi

ukuthi kwenzekeni, niyabo. Uma uzophendula ngokushesha, masinya nje lapho kubiza, ngani, phendula, niyabo, ngokukhulu ukushesha phendula kukho, bese kuthi-ke kusebenza kangcono kakhulu.

18 Ukufundwa kweZwi:

...emva kwezinsuku eziyisithupha uJesu wathatha uPetru, uJakobe, noJohane umfowabo, wakhuphukela nabo entabeni ende bebodwa,

Waphenduka lapho esinye isimo phambi kwabo: ubuso bakhe bakhanya njengelanga, izingubo zakhe zabamhlophe njengokukhanya.

Futhi, bheka, kwabonakala kubo oMose no-Eliya bekhuluma naye.

Khona uPetru waphendula, wathi kuJesu, Nkosi, kuhle ukuba sibe lapha: uma uthanda, masenze lapha Wena amadokodo amathathu; elinye libe ngelakho, . . . elinye libe ngelikaMose, nelinye libe ngelika-Eliya.

Kepha esakhuluma, bheka, ifu elikhanyayo labasithibeza: . . . bheka kwavela iphimbo efwini, lathi, Lo uyiNdodana yami ethandekayo, eNgithokozile ngayo; yizweni.

19 Ngifisa ukuthatha lawomagama amathathu okugcina abe yindikimba ukuthola ingqikithi encane: *Yizweni.*

20 Niyazi, kuhle kakhulu ukuba wedwa nokubhekisisa uNkulunkulu emvelweni. IBhayibheli lami lokuqala kwakuyimvelo. Ungaqalaza, uzothola uNkulunkulu nomaphi lapho oMbheka khona.

21 Ngihlala eMfuleni i-Ohio. Eminyakeni edlule ngezwa indaba encane yomfana omncane owayehlala phezulu ngaphezu kwethu lapho, wa—waya esontweni noSonto sikole, futhi ngoluny’usuku wayefuna ukwazi ukuthi uNkulunkulu wayenguBani, futhi wathi kunina, “Mama, ubungangitshela ukuthi uNkulunkulu Ungubani na? NgingaMbona na?”

Nonina wathi, “Awu, ngizobuza uthisha wami kaSonto sikole.”

22 Futhi ngakho wabuza uthisha wakhe kaSonto sikole, wayesethi, “Awu, angazi.” Wathi, “Buza umelusi.”

23 Futhi waya kumelusi, nomelusi wathi, “Impela ngeke, ndodana, akekho ongabona uNkulunkulu.” Wathi, “UNkulunkulu unguMoya, ngakho-ke, akekho ongaMbona.” Futhi lokho akulenelisanga ilukuluku lomfana omncane.

24 Ngakho wayevame ukwenyukela emfuleni eSix Mile Island nomdobi omdala. Nalomdobi omdala, omdala, nezinwele ezipunga, nentshebe empunga, ngoluny’usuku kwenyuka isiphepho, futhi endleleni ebuyayo, umdobi edonsa isikebhe

sakhe, nomfanyana ehlezi nge—nge—ngemuva, kwingemuva lesikebhe. Futhi lapho umdobi omdala wayedonsa isikebhe. . .

²⁵ O, kuhle kanjani lapha e-Indiana emva kwemvula, namaqabunga onke egeziwe, nalelophunga elifreshi ngempela! Ukukhaphaceka okuncane nje emanzini, okwenele ukwenza izigwedlo zakho zesikebhe ziklwabule lapho uzidonsa, noma ubani odonsa isikebhe, uyasazi lesosigqi sesikebhe.

²⁶ Futhi wayelokhu ebuka phezu kwehlombe lakhe, futhi lapho ebhekisisa, kwakukhona uthingo lwenkosazana olwaphumayo, lwazungeza umkhathizwe wonke. Nalowomdobi omdala, lapho ebhekisisa lolothingo lwenkosazana, uqala ukukhala izinyembezi, nezinyembezi zehla emehlweni akhe, phezu kwentshebe yakhe empunga. Nalomfanyana, ehlezi emuva kwingemuva lesikebhe, wayelokhu embhekisisa, waba nomdlandla kakhulu, wagijimela phezulu maphakathi nesikebhe, wayesewela ethangeni lomdobi omdala, wayesethi, “Mnumzane, ngizokubuza umbuzo umama wami angeke awuphendule, uthisha wami kaSonto sikole angeke awuphendule, kanjalo nomelusi wami awuphendule.” Wathi, “Umuntu angambona uNkulunkulu na?”

²⁷ Ngani, wadonsela izigwedlo ethangeni lakhe, wadumela umfo omncane ngezingalo zakhe, wathi, “UNkulunkulu abusise inhliziyi yakho encane.” Wathi, “Konke engikubonile eminyakeni engamashumi amane edlule bekunguNkulunkulu.”

²⁸ Uma kukhona uNkulunkulu phakathi *lapha*, nizobona uNkulunkulu phandle *lapho*. UzoZibonakalisa, akunandaba ukuthi kukuphi.

²⁹ Ngingumthandi omkhulu wemvelo, ngizingele. Ngikuthanda kanjani ukuzingela! Futhi ngibhekisisa uNkulunkulu ezintabeni. IBhayibheli lami lokuqala kwakungukubhekisisa futhi ngibone imbali encane, ukuthi imi kahle kanjani, ngezinye izikhathi isencane, futhi ngezinye izikhathi iphakathi nendima yempilo, futhi ngezinye izikhathi isindala. Kodwa lapho isithwathwa siyishaya, kodwa ngukufa lapho isithwathwa siyishaya, ikhothamisa ikhanda layo elincane bese ivuthuza amacembe ayo, lapho kuqathaka encane, imbewu emnyama.

³⁰ Futhi benazi yini ukuthi zinodwendwe lomngcwabo wembali na? Beningakwazi lokho na? Impela. Awu, njengoba imimoya ka-Okthoba ifika nezimvula zasekwindla nje zikhala izinyembezi zehla ziphuma esibhakabhakeni, futhi zimbela leyombewu encane phansi ngaphansi komhlabathi. Bese-ke kufika isikhathi esibi sasebusika, njengoba sinjalo manje, futhi iba yiqhwa, amacembe amancane asukile embalini, i—isigaxa esincane sesomile futhi saba yiqeqeba lamakhaza, uhlanga alusekho, iqabunga alisekho, iqabunga eliyimbali alisekho, imbali ayisekho, imbewu iyakhukhumala, iqhume ivuleke,

uginindela uyaphuma. Akukho lutho nje olusele lwaleyombali encane, ungeke uyithole.

³¹ Ungahle uthathe uthuli futhi uluyise endlini yokucwaningela bese uluhlola, akukho-nto phakathi lapho ongayithola. Kodwa ake nje kuthi lelo elifudumele, ilanga lasentwasahlobo liqale ukukhanya kulolothuli kancanyana nje, luyoveza enye imbali, ngoba kukhona imbewana yokuphila phakathi lapho okungekho-sayensi engayithola.

³² Futhi uma uNkulunkulu enzela imbali indlela ukuba iphile futhi, Uyenze kakhulu kangakanani-ke indlela yomuntu osemfanekisweni waKhe uQobo. Lapho iLanga lokulunga liphuma, labo abalele othulini lomhlaba bayakuvuka futhi. UNkulunkulu ukuyo yonke indawo, ngiyathanda ukuMbuka, ngiMbhekisise ekushoneni kwelanga, ngiMbhekisise emvelweni.

³³ Lokhu kusenhliziyweni yami, ngakho nje ngifuna ukukusho: Eminyakeni embalwa edlule enhla eColorado, lapho ngizingela khona kaningi, ngizingela izinyamazane ama-elki, futhi ngangiphezulu le kulowo nyaka, ngoba amaqhwa ayengakafiki ukugijimisa umhlambi wezinyamazane ama-elki wehle. Ngangiqhele cishe ngamamayela angamashumi amathathu nanhlanu esidalweni esingumuntu, njengoba ngangazi ngakho, emuva le phezu entabeni, hhayi kakhulu ukubulala inyamazane, kodwa nje ukuba wedwa noNkulunkulu. Lemihlangano iyakukhathaza, lokho kubona okufihlakele nemibono kukuyisa endaweni uze uzizwe sengathi uyahlanya.

³⁴ Futhi benazi yini cishe zonke izimbongi, abaprofethi, kanjalonjalo, bathathwa ngokuthi bayahlanya na? Benikwazi lokho na? Bangaki abake bezwa iculo elidumile likaWilliam Cowper, “Kukhona uMthombo ogcwaliswe ngeGazi, elimuncwe emithanjeni ka-Emanuweli”? Benazi yini ukuthi uWilliam Cowper wayethathwa ngokuthi uyahlanya na? Benazi yini emva kokuba ukuphefumulelwa sekumshiyile kuleloculo, wazama ukuthola umfala ukuba azibulale na?

³⁵ Benazi yini ukuthi uStephen Foster, owanikeza iMelika amaculo omdabu ayo amahle kunawo onke, ngenkathi ephuma ngaphansi kokuphefumulelwa, wayedakwa, futhi ekugcineni waphuma ngaphansi kokuphefumulelwa kokubhala, futhi wathatha, wabiza inceku, wathatha ireza, wazibulala na?

³⁶ Bangaki abake bacabanga ngo—ngoJona, emva kokunikeza isiprofetho sakhe, nomuzi omkhulu ubungako beSt. Louis waphenduka, wase-ke ekhuphukela egqumeni futhi wakhulekela uNkulunkulu ukuba athathe impilo yakhe emva kokuba ukuphefumulelwa sekumshiyile na?

³⁷ Senake nazi, u-Eliya wabiza uMlilo uvela eZulwini, nemvula ivela ezulwini ngosuku olufanayo, futhi wabulala abapristi abangamakhulu amane qobo lwakhe, futhi wanquma amakhanda abo, futhi wagijima emva kokuba ukuphefumulelwa

sekumshiyile, ngosongo lwendlovukazi, uJezebeli, futhi wayesehlane izinsuku ezingamashumi amane nobusuku, engazi ukuthi wayekuphi, noNkulunkulu wamthola ehlehlele emgedeni na? Khona-ke uyamangala ukuthi kungani kukwenza ube buthakathaka na? Niyabo? Niyabo, ukuphefumulelwa.

³⁸ Futhi phezulu kulezizintaba, ngihambahamba. Futhi lapho kufika iqhwa, ligijimisa umhlambi wezinyamazane ama-elki wehle. Ngakho umngani wami, umfuyi wezinkomo, mhlawumbe wayeqhele ngamamayela amaningi kolunye unqenqema, futhi ngangizingela inyamazane i-elki e—emmangweni osentshonalanga.

³⁹ Futhi ngoluny'usuku lapho kukhuphuka isiphepho nemvula... Lizokuna isikhashana bese-ke likhithika isikhashana, futhi khona-ke lizomboza futhi likhanye isikhashana, ikwindla yangasekuqaleni. Kufika isiphepho, futhi ngangimi emva kwesihlahla, eduze kokupheshulwe isiphepho nesiphepho sadlula. Futhi ngenkathi ngi... isiphepho sayeka, ngiqala ukuqaphela imimoya ivunguza, zonke izihlahla ezihlala ziluhlaza zaba yiqeqeba lamakhaza ngaphezulu, amaqhwa asazinduku amakhulu elenga, lapho ayebanda khona, nelanga lase lishona entshonalanga. Futhi ngaqaphela, njengelikhulu, iso elifana nomlingo, likaNkulunkulu, lokho kumaphakathi nokubona, izibhakabhaka eziluhlaza, iso laKhe eliluhlaza okwesibhakabhaka, futhi lapho Ebuka kuleyomifantu yalawomadwala ngasentshonalanga, kwabumba uthingo lwenkosazana ngaphesheya kwesigodi.

⁴⁰ Futhi, o, angisoze ngakhohlwa, kulesosiphepho umhlambi wezinyamazane ama-elki wawuhlakazekile, futhi ngangiyizwa inyamazane i-elki ikhala enye kwenye. Emuva le phezu kwentaba, impisi endala empunga yaqala ukuklabalasa, ezansi esigodini umata wayo waphendula.

⁴¹ Umama wami uyiNdiya ingxenye, ukuphenduka kwami akuzange kukukhiphe kimi, kukhona okuthize ngakho, njengoba uDavide athi, “Lapho utwa lubizana notwa,” kukhona okuthize ngalokho, okungixhuxhumisa emphefumulweni wami.

⁴² Ngaphuma emva kwesihlahla, ngathi, “O Nkulunkulu, Ukuyo yonke indawo! Nakho lapho Okhona othingweni lwenkosazana, ngingaKusho laphaya kulowomhlambi wezinyamazane ama-elki, ngiyaKuzwa empisini endala empunga iklabalasa. Ukuyo yonke indawo nje, Nkosi, phezulu le kulezizintaba.”

⁴³ Futhi, niyazi, ngiyiBaptisti eyodwa ekholelwa ekumemezeni. Ngabeka isibhamu sami phansi sancika esihlahleni, futhi ngazungeza ngazungeza isihlahla ngahamba ngimemeza kakhulu, ngephimbo lami lonke. Ngiqagele uma omunye ephumela lapho, bebeyocabanga ukuthi babenomuntu ohlanyayo phandle lapho, ngizungeza ngizungeza isihlahla,

ngamandla ami onke, ngimemeza ngephimbo lami lonke. Futhi ngama ngase ngiphakamisa izandla zami, ngathi, “O Jehova oMkhulu, Umkhulu kangaka! Yeka indawo enhle ukuba kuyo! Kude le kuwo wonke umuntu, ngingedwa nje lapha ukuKubona!”

⁴⁴ Futhi ingwejeje encane yeshoba, ingoqophisanayo omncanyanyana othi akabe mude *kangako*, yagxumela phezulu esiqwini ngaphezulu ukusuka kimi, nakho konke ukuqhubeka engake ngakuzwa, nje, “*Tshweke, tshweke, tshweke, tshweke, tshweke!*”

⁴⁵ Ngacabanga, “Yini umfo omncane axhuxhuma ngayo kangaka na? Impela akangesabi. Kodwa mhlawumbe ngimxhuxhumisile ngoba bengigijima ngizungeza ngizungeza isihlahla.” Ngathi, “Asikho isidingo sokuxhuxhuma, bengikhonza uMdali wethu nje.”

⁴⁶ Futhi wayetshekisa ikhanda lakhe elincane emaceleni futhi abheke phansi. Futhi wayenganginaki, kwakukade kukhona ukhozi olukhulu olwaluphoqeelwe phansi esiphephweni, lwaluphansi ngaphansi kwalokho okupheshulwe isiphepho, lapho izihlahla zazigamanxana ngenkathi ziwa. Imimoya yayiluphephulele phakathi, kwakukade kungumoya owesabekayo.

⁴⁷ Lolukhozi olukhulu lwagxumela egatsheni lesihlahla esipheshulwe umoya, o, leyonwejeje encane yaqala nje ukuqhubeka ngokwesabekayo ngaleyonkathi. Ngakho ngacabanga, “Manje, Nkosi, Uyishintsheleni inkundla na? Benginesikhathi esimnandi kakhulu. Yini enokwesaba uNkulunkulu ngalolokhozi ebiyokwenza...? Lungumthuthambi nje.”

⁴⁸ Kodwa kwenzeka ngaluphela, lwalubonakala luesibindi, lwalungesabi, lokho ngukumesaba uNkulunkulu. UNkulunkulu angeke asebenzise igwala. “Amagwala afa ukufa okuyizinkulungwane eziyishumi, lapho iqhawe lingafi neze.” Kunjalo. UNkulunkulu akalifuni igwala, umuntu uyesaba ukuMthatha eZwini laKhe, Ufuna umuntu ozothatha iZwi laKhe, ame lapho kuLo.

⁴⁹ Ngacabanga, “Yebo, ubuqhawe balolokhozi.” Ngacabanga ukuthi ngizohlola isibindi salo, ngathi, “Mfo omdala, uyazi ukuthi bengingakudubula na?” Lawomehlo amakhulu abukeka njengevelvethi angibuka, ase-ke ebuka ngale engwejejeni encane yeshoba. Ngase ngicabanga, “Yini elwenza lube nesibindi kangaka na?”

⁵⁰ Futhi lona, kubukeka sengathi lwalulokhu luthatha amaphiko alo, niyazi njengoba kwenza inyoni, luzwa lawomaphiko asekahle, uma ayesalokhu esesimweni sokundiza. Lwalwazi ukuthi athenjwa kanjani lawomaphiko, uNkulunkulu walunika lawomaphiko, futhi lwalwazi ukuthi lwalungaba

ngaphezu kwaleyomithi yamapulangwe lapho ngaphambi kokuba ngisho ngithole isibhamu esandleni sami, lwalukwazi lokho. Ngacabanga, “O, yilokho-ke, Nkulunkulu!”

⁵¹ Omunye wathi, “Mfowethu Branham, awesabi yini lapho uza epulpiti ukuthi udeveli uzokubamba unganakile na?”

Ngathi, “Qhabo, mnumzane. Inqobo nje uma ngisengabuzwa uBukhona baKhe ngakimi, udeveli akanalo ithuba lokwenza lutho.” Kunjalo. Inqobo nje uma uBukhona baKhe bulapho, yilokho kuphela esifuna ukukwazi.

⁵² Emva kwesikhashana lwakhathala ukulalela leyonqwejeje endadlana—endadlana yeshoba, ngakho lwavele nje lwenza ukugxuma okukhulu futhi lwabhakuzisa cishe kabili, futhi ngaqaphela alubange lusawabhakuzisa amaphiko alo, lwalazi nje ukuthi ahlelwa kanjani amaphiko alo, naleyomisinga yenyuka esigodini, futhi lwavele nje lwagibela lwenyuka. Ngalubhekisisa, njalo lapho igagasi lalingena, lubambe amaphiko alo nje, lwaluvela nje lugibele luye phezulu, phezulu, luze lube yibadlana nje.

⁵³ Ngacabanga, “O Nkosi, yilokho-ke, yilokho-ke! Hhayi ukubhakuza, ukubhakuza *lapha*, futhi ube yiMethodisti kuleliviki, neBaptisti ngeviki elizayo, nePentecostal ngeviki elizayo. Hhayi ukusuka ezinkonzweni zokuphulukisa zika-Oral Roberts, kuya kwezikaWilliam Branham, nakwezika A. A. Allen, lokho akusikho. Kungukwazi nje ukuthi kuhlelwa kanjani ukukholwa kwakho okunikezwe nguNkulunkulu emandleni kaMoya oNgeweke bese ugibela usuke kukho, hhayi... Shiya lokhu okuboshelwe emhlabeni, ‘*UTshweke, tshweke!*’ lapha, no ‘*Tshweke, tshweke!*’ lapho. ‘Izinsuku zezimangaliselo selwedlule. Ayikho into okuthiwa ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu. Kungukufunda ingqondo.’ Vele ugibele usuke kukho ngamandla kaMoya oNgeweke.” Impela. Mthathe eZwini laKhe.

⁵⁴ Sithola lokhu ukufundwa komBhalo okungavamile kakhulu kulentambama, uNkulunkulu akajwayelekile, uNkulunkulu wenza izinto ezingajwayelekile. Futhi amadoda amaningi afunde lomBhalo ofanayo.

⁵⁵ Ngingahle ngikubhalele incwadi njengomngane wakho, ubuyokuthakasela, ngoba singabangane. Incwadi iletha iyoba yinqwaba kakhulu *kuwe*, kodwa komunye umuntu ibingeke isho lutho, emva kokuba usuhambile, leyoncwadi ibiyolahlwa nje. Futhi emva kokuba usuyifundile kanye, ubuyokwazi konke ebengifuna ukukusho. Kodwa umBhalo awunjalo, imiBhalo iphefumulelwe. Amadoda, iminyaka eyizinkulungwane ezimbili, ifunde lendikimba efanayo engiyifundile kulentambama, futhi iwaphefumulele, futhi izoba njalo nje njalonjalo, ngoba yiZwi likaNkulunkulu. IZwi likaNkulunkulu liyingxenywe yaKhe, Akangcono kuneZwi laKhe.

⁵⁶ Awungcono kunezwi lakho. Uma ngingenakulithatha izwi lakho, angifuni ukubhekana nawe kakhulu. Futhi ngokufanayo ufanele ngami, uma ungenakulithatha izwi lami, angibalulekile ukwedlula izwi lami.

⁵⁷ Ezivumelwaneni zakho zebhizinisi, izwi lakho liyisibopho sakho, ubufakazi bakho bufanele bube ngokoqobo. Nkulunkulu yipha usuku, ukuthi lapho abantu bezoba yilokho abayikho, abathi bayikho. Ukuba bengingesuye okaKristu kulentambama, bengiyomelana naYe, bengiyohamba-hamba ngidabula izinto. Kodwa ngiyaMkholwa, futhi ngi—ngilungele ngisho uku—ukunikela ngempilo yami ngenxa yaKhe, ngoba ngiyaMkholwa, ukuthi kuqinisile. Futhi uma iZwi laKhe lingaqinisile, khona-ke Akaqinisile; futhi uma iZwi laKhe lingethenjwe, Angethenjwe. Kodwa ngijabula kakhulu ukwazi ukuthi ngi... Ungalengisa umphefumulo wakho kunoma yiliphi iZwi elithize kuleloBhayibheli, futhi Liyiqiniso, lonke iZwi laLo liyiqiniso. UNkulunkulu uhlala eZwini laKhe.

⁵⁸ Futhi, niyazi, Mkhulu kakhulu. Okwenza uNkulunkulu abe mkhulu kimi yingoba Uthobeke kakhulu.

⁵⁹ Senake nambona omunye walababantu, “Ungangithinti?”

⁶⁰ Ngibe nenhlanhla yokuhlangana namadoda amakhulu ezinsukwini zami, kade ngisezigodlweni zamakhosi. Kodwa lapho ngempela uthola indoda eyindoda enkulu, ikwenza ucabange ukuthi uyindoda enkulu. Kodwa yindoda ecabanga nje ukuthi iyindoda enkulu, efuna ukugqoka yonke inqwaba, kunjalo, indoda nje engukuzenzisa. Ngiyakuthanda lokho.

⁶¹ UNkulunkulu uhlangana emikhandlwini yabantu. Ngesinye isikhathi, Wahlangana namakhulu amahlanu, kanye namashumi ayisikhombisa, neshumi nambili, nanabathathu. Uhlangane ngisho nalapho ngisho oyedwa wayekhona, yilokho okuMenza uNkulunkulu. Ushisekele kakhulu ukuthi Uzohlangana nanoma yimuphi umuntu ngamunye noma kuphi lapho lowomuntu ezoMbiza khona, phansi phakathi esiswini somkhomo ngoJona, phezulu entabeni ngo-Elisha, ezansi emphandwini wezingonyama noDanyeli; UnguNkulunkulu.

⁶² Futhi lapha siyaMthola manje ethatha amadoda amathathu uPetru, uJakobe, noJohane, futhi Wenjukela entabeni. UPetru kamuva wabhekisela kuleyontaba njengentaba engcwele, kodwa uPetru wayengakuqondile lokhu, ukuthi intaba yayingcwele, KwakunguNkulunkulu oNgcwele phezu kwengcwele... entabeni okwayenza yaba ngcwele.

⁶³ Akusilo iBandla elingcwele, nguMoya oNgcwele eBandleni olenza libe ngcwele. Akusuye umuntu ongcwele, nguMoya oNgcwele kumuntu okwenzayo, hhayi umuntu ongcwele, ayikho into enjalo, nguMoya oNgcwele. NoPetru wayebhekisela kulokhu njengentaba engcwele, ngoba uNkulunkulu oNgcwele wahlangana nabo kulentaba; kwakuyisihlabathi esingcwele.

64 Futhi ake ngime lapha kulentambama futhi ngisho lokhu: ukuthi ngamunye wenu bantu ozelwe ngokusha ngoMoya oNgcwele, niyalikhumbula lona impela ihora lapho uMoya oNgcwele, yona impela indawana lapho Ahlangana khona nawe, futhi lapho kufika ukungabaza, nokwesaba kuqala ukuvuka, njalo kukhona leyondawo ethize ukuthi ungabuyela kulesosikhathi lapho ohlangane khona noNkulunkulu, nodeveli angeke anyathele kulezo zihlabathi ezingcwele. Yilapho ohlangane khona noNkulunkulu futhi wakhuluma naYe, nakuba ukwesaba nezinto kuvuka, akuhlangene ngalutho nakho, uyazi uhlangane noNkulunkulu kulezo zihlabathi ezingcwele.

65 UPetru wayesentabeni. Futhi lapho uNkulunkulu elungiselela ukwenza noma yini, Akalokothi nje, o, ukwenza nje ngokukhululeka, Uhlala eqinisekisa konke Akwenzayo. Anijabuli ngalokho namhlanje, ukuthi uNkulunkulu wethu ubonakalisa lonke iZwi na? Akakhulumi amazwi angaqondakali, Wasitshela ukuba singawakhulumi, kodwa Ukhuluma onke amaZwi ncamashi nje.

66 Futhi njengoba Enyukela lapha manje, Ulungiselela ukwenza okuthize. Futhi ngiyazi abaningi benu bazalwane, kulentambama, thatha lendikimba ngokuFika kukaKristu okwesibili, futhi ngempela kubhekisela kulokho, kodwa ngifuna ukukuthatha komunye umbono kulentambama, ngoba wonke umBhalo ubopha ndawonye nje, onke amaZwi.

67 Futhi manje qaphelani kulokhu, ngenkathi Ebakhuphulela lapho, Wathatha uPetru, uJakobe, noJohane; ngiyathanda ukubhekisela kubo njengethemba, ukukholwa, nothando. UJakobe yithemba, uPetru ngukukholwa, uJohane ngumfundi wothando, uthando: ithemba, ukukholwa, nothando.

68 Khona-ke kwakungekho kuphela izidalwa ezintathu zasemhlabeni, kwakukhona izidalwa zaseZulwini ezintathu: u-Eliya, uMose, noJesu. UNkulunkulu uzoveza obala okuthize.

69 Manje, wena uthi, “UJesu?”

Yebo, Wehla evela eZulwini, WayeyisiDalwa saseZulwini.

70 Manje, Wayefuna ukuveza obala okuthize. Manje, engicabanga ukuthi Wayezama ukukuveza kwakuyilokhu... Futhi ake sithathe uhambo oluncane sibuyele ezingqondweni zethu emBhalweni futhi sicabange emuva ezinsukwini zakudala. Futhi ngiyacabanga, mhlawumbe kuzosiza abanye bethu kulentambama ukuba sibuke kulokhu.

71 Manje, ibandla liyezwa, ikakhulukazi abantu bePentecostal, ngenkathi uzalwa ngokusha ngoMoya oNgcwele, wezwa sengathi lokho kukuxazulule ingunaphakade, yilapho owenza khona iphutha, wawuqala nje ngaleyonkathi.

72 Abantu bayacabanga, “Awu, ayibongwe iNkosi! Nginombhaphathizo kaMoya oNgcwele, lokho kuyakuxazulula,

ongibeka uphawu eMbusweni, ngiyindodana nendodakazi kaNkulunkulu.” Lelo yiqiniso, kodwa lokho akuhlangene nefa lakho okwamanje.

⁷³ ETestamenteni eLidala ngenkathi umntwana ezalwa emndenini, kwaku...Ngicabanga ukuthi kwiKing James, ekuhumusheni kwakhe lapho kweKing James yasekuqaleni, sifunda phakathi lapho lapho Okwathi khona, uJohane 14, wathi, “EKhaya likaBaba waMi kukhona izindlu eziningi.” Manje, lokho akuzwakali kuxakile na? “EKhaya likaBaba waMi,” indlu encane nezindlu eziningi kuyo, kuzwakala kuxakile.

⁷⁴ Ngikholwa ukuthi bekunguMoffatt, angiphosisi, uMoffatt wanikeza ukuhumusha ngokukhuluma okuyinhlekisa kakhulu kunalokho, noma, ukuhunyushwa okubhalwayo, wathi, “Endlini enamakamelo kaBaba waMi kunezindlu eziningi ezinamakamelo,” sengathi wenyukela lapho ukuyoqasha indlu enekamelo.

⁷⁵ Kodwa isiGreci sasekuqaleni sathi, “EMbusweni kaBaba waMi kunezigodlo eziningi.” Lokho kuzwakala kungcono. Kungani uKing James yakuhumusha ngaleyondlela na? Ngoba wayenohlelo lweBhayibheli lweTestamente eLidala. Niyabo, inkosi yayingubaba, futhi wonke umbuso wayo wawuyizikhonzi zakhe, leyo kwakuyindlu yakhe, yileyondlela abakuqonda ngayo. Yingalesosizathu ulwimi lwesiNgisi lunezincazelo eziningi kakhulu ezechukene kulo. Yingalesosizathu umuthi wakho ubhalwe nge—ngesiLatini, alushintshi, wulimi olufile.

⁷⁶ Kodwa manje qaphelani, “EKhaya likaBaba waMi,” wayekanye neBhayibheli ngokuqinile. Emuva eTestamenteni eLidala ngenkathi ubaba enombuso omkhulu, nomntwana wazalelwa kulowombuso, waba yindodana ngokushesha nje lapho ezalwa, kodwa nokho, leyondodana ayizange... yayi...yayizoba yindlalifa yakho konke uyise ayenakho uma isimilo sayo sasilungile, kodwa kuqala isimilo sayo sasifanele sifakazelwe. Manje, nina befundisi niyazi ukuthi ngiyaphi, ngukubekwa kwendodana.

⁷⁷ Manje, kodwa isimilo sayo asivelanga kahle, ayizange idle ifa lanoma yini, yayiyindodana nje. Ngakho manje-ke, ubaba, ukuze athole lendodana yakhe enkulu ayeyithanda, wayenebhizinisi lokuba alenze, ngakho wathola umfundisi, umqeqeshi, phezu kwabantwana bakhe. Futhi wafuna ezindaweni, waze wathola indoda edlula onke ayengayithola, ngoba imfundo yendodana yakhe, nekusasa lendodana yakhe, kwakuncike ekutheni hlobo luni lokuqeqeshwa lowomntwana alutholayo. Futhi kungaleyondlela namhlanje eMbusweni kaNkulunkulu, ukuthi lapho sizalwa eMbusweni kaNkulunkulu, uNkulunkulu wafuna uMfundisi obedlula bonke Ayengamtholela iBandla, nalowo kwakunguMoya oNgcwele.

⁷⁸ UMoya oNgcwele unguMfundisi weBandla. Bangaki okwaziyo lokho na? Impela, uMoya oNgcwele unguMfundisi, kodwa semukele ophapha, nababhishobhi, nakho konke esikhundleni. Kodwa uMoya oNgcwele unguMfundisi, noMkhulisi, noThisha woMzimba kaKristu. “Labo abaholwa nguMoya akukho ukulahlwa kwabakuKristu Jesu, abangahambi ngokwenyama, kodwa ngokukaMoya.” Futhi manje, uMoya oNgcwele ufundisa iBandla.

⁷⁹ Manje, i, lothisha ufanele abe ngumuntu oqotho, hhayi umuntu ofuna ubaba ammbambathe emhlane, kodwa indoda ezothembeka kuyise. Uma umntwana engalaleli, uyohamba nobuso obunamahloni, futhi athi, “Mnumzane, ngiyaxolisa ukuletha lomlayezo, kodwa umntwana wakho ulibele kakhulu, akalaleli lutho, akanandaba nhlobo.” Ufanele ukuthi ubaba uzizwa kanjani!

⁸⁰ Nokuthi uMoya oNgcwele ufanele uzizwe kanjani lapho Efika phambi kukaNkulunkulu uBaba nobufakazi besimilo seBandla laKhe, lapho sehluakanisiwe emahlelweni angamakhulu ayisishiyagalolunye nento ehlukeni!

⁸¹ Futhi lokhu kunganenza nigule kancanyana nje manje, kodwa ngifuna ukunitshela, ngoba kusenhliziyweni yami. Ngenkathi ngisengumfanyana, asizange...sasingenakho okuningi esingakudla, besiyoba nesinkwa sommbila bese sisenza ngogrisi, lapho ebesiyobilisa khona izikhumba, futhi, e-ezingcwezini zikabhekeni, bese bethola ugrisi, nophizi onamehlo amnyama.

⁸² Futhi—futhi njalo ngoMgqibelo ebusuku ngiyakhumbula sasigeza kubhavu omdala womsedari, bese—bese kuthi-ke uMama wayesinika umthamo omkhulu kakhasta oyela. Ngiyayizonda into, angikwazi ukuyimela. Futhi ngenkathi ngivame ukuhamba ukuba ngithathe isikhathi sami lesi sipunu esikhulu esigcwele salezozinto ezinamafutha, ngangibamba ikhala lami, ngangithi, “Mama, angikwazi nje ukuwuthatha, uyangigulisa.”

Wathi, “Uma kungakugulisi, akukusizi ngalutho.”

⁸³ Lokho kuningi kakhulu ekushumayeleni iVangeli: Uma kungakugulisi kancanyana, akubambi kahle.

⁸⁴ Futhi ngiyamangala namhlanje, ukuthi uMoya oNgcwele ufanele uzizwe kanjani lapho Ufika phambi kukaBaba futhi usho ngakho konke ukukhathazeka kwethu nokuqophisana kwethu ebandleni, ngiyamangala ukuthi Uzizwa enjani. Kodwa Ulungile, uNkulunkulu angaMethemba, Uzokhuluma iqiniso.

⁸⁵ Nokuthi Ufanele azizwe enjani lapho Efika phambi kwebandla, futhi uthi, “Abesifazane abazisho ukuthi banobungcwele nokumesaba uNkulunkulu, uphandle egcekeni elingemuva egqoke ipheya elincane lokubi, egqoke izingubo

ezi bukeka zingcolile, ezibizwa ngezikhindi, begunda igceke labo!”

⁸⁶ Manje, nizongizonda emva kwalokhu, kodwa nizongithanda Lapho, ngoba nginitshela iqiniso. O, kuyihlazo! Kungamahloni!

⁸⁷ Awu, wena uthi, okuncane... amanenekazi nokwawo... Yini o...? Amabhulukwe amasleksi, ngabe yilokho enikubiza ngakho na? Niyazi ukuthi iBhayibheli lathi kuyisinengiso ukuba owesifazane agqoke ingubo engeyowesilisa na? Kwenzekeni na? Kwakuvamise ukuba yiphutha, kukhona okwenzekile.

⁸⁸ Manje, angifuni ukunilimaza. Kodwa kwakungani eminyakeni embalwa edlule, ngenkathi ngiqala ukwazi nina bantu bePentecostal, ukuthi kwakungalungile kini besifazane ukuba nigunde izinwele zenu na? Ngabe kukhona okwenzekile na? IBhayibheli alishintshanga. Kukhona okwenzekile. Njengoba umfowethu omdala, umshumayeli, wayevame ukucula iculo:

Siwise imigoqo, siwise imigoqo,
Sixegisile ngesono.
Siwise imigoqo, izimvu zaphuma,
Kodwa izimbuzi zingene kanjani na?

Niwise imigoqo, yilokho okwakuqalayo.

⁸⁹ Kwakuvame ukuba yiphutha kumaKristu ukuya emabhayisikobho, imibukiso yezithombe, futhi ubone lezizithombe zezwe, udeveli uyindoda ehlananiphile, wakuletha ngqo ekhaya lakho kwithelevishini. Yini indaba na? Ucabanga ukuthi uMoya oNgcwele ucabangani lapho Efika phambi kukaBaba na?

⁹⁰ Kwakuvame ukuba yiphutha kwabesifazane abangamaKristu ukuba bapende izinzipho, noma, yini leyonto, niyazi? Angazi, leyonto ebusweni babo. He! Umkami uzongitholela lokho. Akakufaki. Kodwa angicabangi ukuthi kuyini. Ngu—Ngukuzipenda ubuso, isinkwa sombila, noma okuthize, wuhlobo oluthile lwento abayifaka ebusweni bakho. Futhi uye e... Zonke lezizinto, kwakuvame ukuba yiphutha. Ucabanga ukuthi uBaba ucabangani lapho Azi ukuthi ibandla laKhe lenza lokho na?

⁹¹ Kwakuvamise ukuba yinenekazi elehla ngesitaladi, wawungasho ngendlela elalihamba ngayo, nendlela elalenza ngayo, lalingumKristu, kodwa namhlanje onke abukeka efana.

⁹² Owesifazane wathi kimi kungekudala, wathi, “Mfowethu Branham, abathengisi noma yiziphi izingubo ezehlukene ngaphandle kwaleyo, lolohlobo lwezingubo.”

⁹³ Basenayo imishini yokuthunga, akukho-zaba. Kunjalo. Yini indaba na? Siwise imigoqo, kukhona okungalungile. Uyazi ukuthi lelo yiqiniso, impela yilo.

⁹⁴ Ngifuna ukushiya lokhu ngingakaqhubekeli phambili kancane: Benazi yini? Nenekazi, angifuni ungithukuthelele, kodwa, ayibusiswe inhliziyoyakho, dadewethu, ngifanele ngibe qotho: Uyazi, uma ugqoka lezizingubo ezibukeka zikhanukisa abazigqokayo phandle lapha esitaladini, futhi isoni siyakubuka, futhi ugqoke ngaleyondlela, uyazi ukuthi uzophendula ekwaHlulelweni ngokuphinga nalesosoni na?

⁹⁵ UJesu wathi, “Yilowo nalowo obuka owesifazane, amkhanuke, usephingile naye enhliziyweni yakhe.” Futhi uma ugqoka kanjalo, unecala, ngoba uzibeke phambi kwaso kanjalo. Hlolani emiBhalweni futhi nibone ukuthi lokho kunjalo yini. Kuqinisele. Awu, ungahle ubemsulwa njengomnduze, lokho kulungile, kodwa inqobo nje uma uziveza wena uqobo kwenye yalezizinto zesimanje!

⁹⁶ Isizathu sokuba lokho kwenza yingoba uthando lukaNkulunkulu luphumile ebandleni, futhi nihlala ekhaya ngoLwesithathu ebusuku ukubona eminye yalemidlalo efana no*Who Love Susie*, noma *We Love Susie*, noma ngabe leyonto ehlanyayo iyini, futhi kuyakhombisa lapho umqondo uhamba khona. Kunjalo. Futhi nibukela lezizinto ezihlanyayo njengo-Arthur Godfrey. Ukuthi bayoke bakubize kanjani lokho ngobuMelika, ngeke nganitshela. No-Elvis Presley nomculo wakhe wokuzibinya i-*All Shook Up*, isizathu sokuba nikwenze, ngoba into ethize iphakathi lapho ibenza balangazelele lokho. Uma uMoya oNgcwele ubunaleyonhliziyoyigcwalisiwe, ubungeke usaba nesifiso sakho. IBhayibheli lathi, “Othanda izwe, noma izinto zezwe, uthando lukaNkulunkulu alukho ngisho nakuye.”

⁹⁷ Uthi, “Ubagconelani abesifazane na?”

⁹⁸ Kulungile, madoda nakhu la nikhona: Indoda ezovumela umkayo abheme osikilidi futhi agqoke izikhindi, ikhombisa ukuthi yenziwe ngani, ayikho *indoda* engako kuyo. Kunjalo. O, bengicabanga ukuthi ubungumbusi wendlu na? Kubukeka sengathi unombusi omusha.

⁹⁹ Kwenzekani na? Kungani ucabanga loMoya oNgcwele, ukhophoza njengoba kwenza umprofethi phambi kukaNkulunkulu ukuletha izindaba ezinjalo, ukuthi ibandla laKhe elizelwe ngokusha, abantu baKhe abangcwalisiwe, bazehlise bona isithunzi endaweni enjengaleyo na? Khonake uyamangala ukuthi kungani iMelika ingenayo imvuselelo. Nanto iqiniso. Nkulunkulu, yiba nomusa kubantu baKhe!

¹⁰⁰ UNkulunkulu angazethemba kanjani iziphiwo zaKhe ezingcwele ebandleni elakhelwe phezu kwalezozisekelo ezibolile na? Akasoze eze ebandleni futhi abe nemvuselelo, lize lelobandla lizihlanze futhi libe kahle, kuqala, phambi kukaNkulunkulu, lifanele.

¹⁰¹ Kungcono ngikushiye lokho, lowo ngumsebenzi wabafowethu ukushumayela lokho, sizqhubeka.

¹⁰² Bukani, Nango. Ngiyayithanda nje leyo eyifeshini endala, yamahlashana amasasafrasi, yasemaphandleni, eluhlaza okwesibhakabhaka, inkolo ebulala isono! Kunjalo. Iyokusindisa esonweni.

¹⁰³ Manje, qaphelani ukuthi lomfundisi uyofika kanjani phambi kukababa. Futhi uma indodana yayenze okungalungile, umntwana wayengalaleli, kufanele ukuthi waphendula kanjani ikhanda lakhe wayesethi, “Baba, ngiyakuzonda nje ukukulethela lomlayezo, kodwa, o, lowomntwana ongalaleli!” Ubeyokwenzani ubaba na? Akhothamise ikhanda lakhe enamahloni.

¹⁰⁴ Manje asishintshe umcabango. Ukuba-ke lomfundisi uza phambi kukababa, wayesethi, “O, mnumzane, umfana wakho unjengawe nje! Ngani, uyazi, wenza nje njengoba wenza, uthanda izinto ozifundisayo. Uthanda ukuphatha ipulazi ngendlela oliphatha ngayo. O, ngesisho sasesitaladini, ‘Uwukhamba olufuze imbiza nje.’ Unjengawe nje.”

¹⁰⁵ “UnguNkulunkulu oNgcwele, yena uyakholelwa ekubeni ngcwele. Wena ungomkhulu, uNkulunkulu onamandla onke, uthi, ‘Amen’ kukho. UnguNkulunkulu omkhulu ukwenza izimangaliso, ukholwa yilo lonke iZwi lakho, wenza okufanayo.”

O, kufanele kumthokozise kanjani uBaba! “Yebo. Leyo yindodana yaMi. Impela.”

¹⁰⁶ Niyazi ukuthi kwenzekani ngaleyonkathi na? Ngenkathi lowomntwana efika onyakeni othize, lowomfana owayene... uma wayekade engumfana oziphatha kabi futhi wayengesikho ncamashi lokho uyise ayengamethemba, akazange abe nefa nhlobo. Nina bazalwane niyakwazi lokho emBhalweni. Kodwa uma wayeyindodana elalelayo, futhi ngenkathi esefika onyakeni othize, leyondodana efanayo yakhishelwa endaweni yomphakathi, phambi komphakathi, futhi yabekwa phezulu endaweni ephakemeyo, futhi lapho ubaba wayembathisa ingubo ende, futhi wayenza umntwana indodana yakhe uqobo emndenini wakhe.

¹⁰⁷ Futhi kulokhu ukubekwa kwalendodana, lelogama lendodana lalilihle nje eshekeni njengoba elikayise lalinjalo, ngoba yayikade ifakazelwe, yayilalela, negama layo lalilihle, ngokufanayo nje njengobaba. Yilokho uJesu ayekuqondile ngenkathi Ethu, “Celani kuBaba noma yini eGameni laMi, Ngiyolwenza.”

¹⁰⁸ Qaphelani, khona-ke ngenkathi... UNkulunkulu akazange acele muntu ukuba enze noma yini, kodwa lokho Akwenza kuqala. Wamemezela ukufa phezulu kwesintu, Wenziwa inyama futhi wasithathela ukufa.

¹⁰⁹ Manje, Wayezokwenza umntwana iNdodana yaKhe uQobo ibe semndenini waKhe. WaYenyusela eNtabeni yokuGuqulwa isimo, indawo ephakeme phambi komphakathi, Waletha ofakazi abathathu bomhlaba. Okuthathu kuyisiqinisekiso, siyakwazi lokho. Wayenofakazi abathathu bomhlaba, ofakazi abathathu beZulu. Futhi lapho Wembathisa uKristu, futhi waMsibekela, nezingubo zaKhe zakhanya njengelanga phakathi nemini. Lokho leyo—leyongubo ende Ayeyibeke kuYe, ekhombisa ukuthi WayeMemukele, Wayesemsebenzini kaBaba, Wenza nje lokho uBaba aMkhombisa khona, uNkulunkulu wayenaYe.

¹¹⁰ UPetru wathi, ePhentekoste, “UJesu, waseNazaretha, iNdoda efakazelwe nguNkulunkulu phakathi kwenu ngezibonakaliso nezimanga, Azenza.”

¹¹¹ UJesu wathi, “Angenzi lutho, aze uBaba aNgibonise kuqala ukuthi ngenzeni.” Ukulalela!

¹¹² O, bekungeke yini kumangalise uma ibandla belikulesosimo namhlanje na? Ukulalela uBaba, ukuhlonipha ngokuzithoba, nakuMoya oNgcwele. Kulezozindawo ezimpintshekile, lapho wesaba ukukhuluma, uma njengomnumzane ohloniphekile, yima lapho ofanele ume khona; njengenenekazi, thatha indawo, hhayi nezwe, kodwa noKristu, uzithatha ngokuthi ufile ezintweni zezwe. Nasezinkomfeni nemibuthano lapho nina befundisi nimi khona, nenkomfa yenu iqala ukukhuluma ngokumelana nokungaPhezu kwemvelo, ngokumelene *nalokhu*, futhi, “Lokhu kwakungokomunye unyaka,” thatha ukuma kwakho, uNkulunkulu uzokuhlonipha.

¹¹³ O, umcabango wami uhamba kanjani osukwini uDavide asina ngalo ngasemphongolweni nomkakhe wamhleka, kodwa uNkulunkulu wathi, “Ungumuntu wenhliziyo yaMi uQobo.” Impela, ungeke wama nabantu noNkulunkulu, futhi. Uma uyinceku yomuntu, ungeke waba yinceku kaNkulunkulu; uma uyinceku kaNkulunkulu, ungeke ube yinceku kumuntu.

¹¹⁴ Nakho kumile, uNkulunkulu waMsibekela, waMembathisa ngokungafi, nePhimbo lavela eZulwini likhuluma ukuthi WayeMamukele.

¹¹⁵ Manje qaphelani, ake sibuyele emuva, isikhathi sesithi asiphele, kodwa ngifuna ukuletha okuthize kini, uPetru waxhuxhuma kakhulu, okungaphezu kwemvelo kwakwenziwe, nakho kumi uMose no-Eliya, bobabili base befile iminyaka, lapha babemi bephila, bemi lapho noJesu, ofakazi, ababili babaprofethi abanamandla kunabo bonke abake bahamba emhlabeni bemi eceleni ukuba babhekisise uNkulunkulu emukela iNdodana yaKhe uQobo, kuYinika onke amandla emaZulwini nasemhlabeni, kuyinikeze ezandleni zaYo.

¹¹⁶ Uzokwenzela okufanayo uma uzoma emva kokuba sewemukele uMoya oNgcwele, futhi uzenze umKristu, futhi uziphathe njengoba umKristu efanele. Uma uzofaka ukukholwa

kwakho eZwini likaNkulunkulu, namehlo akho ebheke ngaseZulwini, futhi uvumele imilenze yebhulukwe lakho libe yizikhwama emadolweni, ube nenhlonipho yokuzithoba phambi kukaNkulunkulu, kuzobakhona ngoluny'usuku ukuthi uNkulunkulu uzokuwelisa kolunye uhlangothi kanye, lapho... futhi akuphe amandla nesiphiwo izwe lonke elizokwazi ukuthi Ubenawe. Lokho ngukubeka indodana esikhundleni sayo. Haleluya!

¹¹⁷ O, ngizizwa ngikholwa, khona manje. Yebo. Uzokwenza, Wakwethembisa, UnguNkulunkulu ongehluleki.

¹¹⁸ O, lapho ibandla likugeje khona ngokuthi nje, "Awu, ngakhuluma ngezilimi, sengikutholile manje." O, usanda kuqala nje. Impela.

¹¹⁹ Yingalesosizathu namhlanje sithola abantu bemelene kakhulu nokungaphezu kwemvelo, ngokumelene nezinto zikaNkulunkulu, yingoba kade bengalaleli, ukuba babephile phezulu kulelozinga, lapho abafanele babe khona, bebeyoziqonda lezizinto.

¹²⁰ Qaphelani, uNkulunkulu wasibekela iNdodana yaKhe. Futhi uPetru, wathi nje engathola umbono wento ethize yenziwa okungaphezu kwemvelo, waxhuxhuma kakhulu, njengoba nje ibandla lasemhlabeni lenza, makuthi okungaphezu kwemvelo okuncane kwenzeke, futhi bathola ukuxhuxhuma kakhulu. Futhi uPetru wathi, "Nkosi, asakhe amadokodo amathathu. Asenze amanye amahlelo manje, ngiyanitshela, sizokwakha itabernakele nje lapha labo bonke ofuna ukugcina isabatha, ne—ne—nezinsuku ezingwele, nomthetho. Sizokwakha itabernakele labo bonke ofuna ukukhonza umthetho, lokho kuzoba yinhlangano eyodwa. Sizobe-ke sesakha elinye itabernakele labo bonke ofuna ukukhonza abaprofethi. Sizobe-ke sesakha itabernakele labo bonke ofuna ukukhonza uKristu."

¹²¹ Lokho akufani yini nje nanamhlanje, amahlelo ehlukanisa ubuzalwane na?

Omunye uthi, "O, ngiyakholelwa ekugcineni isabatha."

Omunye, "Angifuni ukudla inyama."

Nalona, "Awukwazi ukuphuza isiphuzo esithambile."

Lona, "Ufanele wenze lokhu."

Nalona, "Ufanele wenze lokho."

¹²² Izithiyo zehlelo zadwetshwa, imigqa yadwetshwa. Uma ukahle enhliziyweni yakho, konke okunye kwakho kuzokwenzeka kahle.

¹²³ SingamaHoosiers, sinezihlahla zom-oki phandle lapha, futhi manje, zonke zigcine amaqabunga azo ubusika bonke. Lapho kufika intwasahlobo, awudingi ukuba uhambe ukhe lawomaqabunga amadala ukuze uvumele amaqabunga amasha

avele, vumela nje ukuphila okusha kufike, neqabunga elidala liyawohloka. Udinga nje ukuphila okusha. Futhi uma ukuphila okusha ocabanga ukuthi ukwemukelile kungahambelani neZwi likaNkulunkulu, unokuphila okungalungile kuwe. UkuPhila kukaKristu kuzoveza imisebenzi kaKristu, kuzoveza ukukholwa kukaKristu, kuzokwenza uziphathe njengoKristu, kukwenze uMthande, Uzoba ngowokuqala empilweni yakho. Izimpokophelo zakho, izinjongo zakho, nayo yonke into izokwehluka ngakho konke, kuzoba ngokwenkazimulo kaNkulunkulu.

¹²⁴ Futhi ngaphambi kokuba ngisho aqede ukukhuluma, niqaphelile na? “Futhi esakhuluma lamazwi, iPhimbo lavela eZulwini, lathi, ‘Lo uyiNdodana yaMi ethandekayo; Yizweni. Fulathelisa ikhanda lakho kuMose, abagcina iSabatha nabagcini-mthetho, fulathela abaprofethi e—eTestamenteni eLidala nobulungiswa bukaNkulunkulu.”

¹²⁵ UMose, wayemele umthetho; akekho umuntu ongasindiswa ngomthetho. Yonke into oyenzayo, ngokomthetho, lowo ngogcina umthetho. Ungeke wenza lutho ukuze uzisindise, kuthatha umusa kaNkulunkulu ukukusindisa. Akunandaba ukuthi wenzani, ukwenza kuwe uqobo, akuhlangene ngalutho nakho. Ngeke kube yisikhathi eside uze nje ube njenge... Yilokho okwenzeka ebandleni.

¹²⁶ Wena uthi, “Ngiyekela izinwele zami zikhule zibe zinde, Mfowethu Branham, ngifuna ukubukeka njengomKristu.”

¹²⁷ Uma lokho kungaveli ngaphakathi, kuzocima masinyane futhi, impela, kuzokwenza; uthola lesosimo sokuziphatha sikangcwelengcwele, lokho kuyiphutha. Kodwa uma uMoya kaKristu ungena, empeleni Uzoveza ukuPhila okusha, khonake akulutho okungokomthetho, YiNto ethize esehliziyweni yakho ehluma lezizinto. Nizodeda ezindongeni zalezizakhiwo zaseBabiloni lesimodeni elilungela ukuwa, noma kanjani; ngiyakuzwa nje lokho enhliziyweni yami.

¹²⁸ Lapha esikhathini esithize esedlule ngenkathi ngiya eNdiya, kwathi nje ngingangena eNdiya, ngacosha iphepha. Izinsuku ezintathu ngaphambi kwalokho baba nokuzamazama komhlaba, kodwa le ngaphambi kokuba ukuzamazama komhlaba kuze kufike, zonke izinyoni ezincane zandiza zaphuma ezidlekeni zazo futhi zaphumela emasimini ezihlahleni, zonke izinkomo ezazimi zizungeze izindonga ezinkulu zamatshe, zaphuma futhi zama emasimini kude nezindonga. Ngenkathi kufika ukuzamazama komhlaba, kwazamazamisa izindonga zawa phansi; uNkulunkulu wayelungiselela, elondoloza impilo yesilwane.

¹²⁹ Kodwa namhlanje sibona isandla esiloba odongeni. Nebandla ezenzweni zalo zezenkolo, namahlelo alo ecwila, futhi lehlulekile. Uma uNkulunkulu engaxwayisa inyoni,

nenkomazi, nehhashi, nemvu, nenja, nembongolo ukuba kusuke ezindongeni ngaphambi kokuba ziwe, kuphume kukho, futhi kungene kuKristu, kugijimele maphakathi nesihawu saKhe, okuyiKalvari, futhi kumemeze. Akunandaba ukuthi ubuyiMethodisti isikhathi eside kangakanani noma iPentecostal, gijimela eKalvari kuze kuguqulwe ukwakheka kwakho konke, futhi uba yisidalwa esisha kuKristu. Amen.

¹³⁰ Angizi-ameneli mina, kodwa u-*amen* usho ukuthi “makube njalo.” Futhi kunjalo, impela besiyoba nesibindi senyoni noma isilwane. Uma bezikwenza ngokuzibonela ngokwemvelo, uNkulunkulu ubengasebenza kanjani ngoMoya oNgcwele na?

¹³¹ Manje bhekisisani njengoba siqhubeka, umthetho wawuyiphoyisa, umthetho awunamusa kuwo, uyakutshela, uyisoni, kungukukukhombisa nje ukuthi wenze okungalungile. Yiphoyisa elikufaka ejele, kodwa akukho-musa ukukukhipha. Akunandaba ukuthi zingaki izinto ozenzayo phakathi kwakho uqobo, ungeke wenza lutho ukuba uzisize. Ingwe ibingenakukhotha isikhumba sayo . . . amabala esikhunjeni sayo uma ibidingeka, iyawakhanyisa kuphela.

¹³² Ngakho, umthetho usifaka ejele, umusa uyasikhipha. Angifuni mthetho, angifuni ukwahlulelwa ngemithetho, angisoze ngakumela, umthetho kuphela uthi unecala futhi ufanele ufe.

¹³³ Awu, wayemeleni u-Eliya na? U-Eliya umele ubulungiswa bukaNkulunkulu, umprofethi oqinile wayenoMlayezo kaNkulunkulu. Wama phezu kwentaba, inkosi yathi, “Uyazi ukuthini? Ngizothumela enhla lapho bese ngithola lowomgingqiki ongcwele.” Wayesethumela amadoda angamashumi amahlanu phezulu. Futhi ngenkathi efika phezulu lapho, kwenzekani na?

U-Eliya wasukuma, wayesethi, “Uma ngiyinceku kaNkulunkulu, makwehle uMlilo uvela eZulwini futhi uniqothule.”

¹³⁴ Ubulungiswa, banyathele ezinkundleni abangafanele banyathele kuzo. Beningakufuna lokho na? Impela qha.

¹³⁵ “O,” inkosi yathi, “mhlampe, mhlawumbe, kwakukhona isiphepho esadlulayo, yilokho okukwenzile, into ethize yemvelo.” Ngakho wathumela amanye amashumi amahlanu.

No-Eliya wasukuma, wayesethi, “Uma ngingumuntu kaNkulunkulu, maKwehle umlilo uvela eZulwini.” Nabanye abangamashumi amahlanu baphuma.

¹³⁶ Leso kwakungesiso isiphepho, lobo kwakungubulungiswa bukaNkulunkulu; ukunyathela emihlabathini ababengenamsebenzi.

¹³⁷ Niyazi, kushiwo, futhi kuyisaga esihle, ukuthi iziwula ziyohamba ngezicathulo ezinezipikili lapho iziNgelosi zesaba

khona ukunyathela. Futhi lelo yiqiniso. Ubuthutha... abantu...

¹³⁸ Labababhali bamaphephandaba bakubiza ngesigejane sabagingqi abangwele, noma umphulukisi ngokukaNkulunkulu othile, noma igama elithize eliyihlazo, futhi basho izinto ezinjalo, kodwa iziNgelosi beziyokwesaba ukusho into eyodwa emelene nakho. “Kodwa iziwula zizohamba ngezicathulo ezinezipikili lapho iziNgelosi zesaba khona ukunyathela.”

¹³⁹ Umelusi wakho uzosukuma, futhi athi, “O, leso yisigejane sokufunda ingqondo, akukho lutho kukho.”

“Iziwula zihamba ngezicathulo ezinezipikili lapho iziNgelosi zesaba khona ukunyathela.” Impela.

¹⁴⁰ UJesu wathi, “Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakhulwayo. Futhi bekuyobangcono kuwe ukuba itshe lokusila lilengiswe entanyeni yakho futhi uminze ezinjulweni zolwandle, kunokuba ngisho ukhubekise omunye wabanjalo.” UNkulunkulu, lapho Eletha abantwana baKhe endaweni, futhi abagcobe futhi abasibekele, futhi ngokwendawo eyiyonayona ababeke endaweni abafanele ukuba kuyo, khona-ke iziwula zisho ukuphawula okunjalo.

¹⁴¹ Manje, Wenzani na? Awu, niyabufuna ubulungiswa na? Niyawufuna umthetho na? Ungeke wasindiswa ngumthetho, qhabo, mnumzane. Angifuni ubulungiswa, ngiyisoni ngobulungiswa, kodwa akabusiwe uNkulunkulu, ngingumKristu ngomusa.

¹⁴² Waphendula ikhanda labo. Leso yisithombe esibi kabi lapho. Kodwa besakhuluma, uJesu wathi, “Lo uyiNdodana yaMi ethandekayo; Yizweni.”

¹⁴³ Yini angakwenzela yona na? Angasula izono zakho, Angasusa icala lakho, Angathatha umthetho kaNkulunkulu futhi awenze ulunge, Angathatha ubulungiswa bukaNkulunkulu phezu kwaKhe uQobo futhi athwale izono ozenzile. “Lo uyiNdodana yaMi ethandekayo; Yizweni.” Wayemeleni na? Uthando lukaNkulunkulu.

¹⁴⁴ Angiwufuni umthetho waKhe, angibufuni ubulungiswa baKhe, ngifuna umusa. Ukukhala kwami, “Nkulunkulu, ungangehluleli, kodwa ngihawukele. Unganginiki ubulungiswa, ngilahliwe, kodwa ngiphe umusa ngoJesu Kristu.”

¹⁴⁵ “Lo uyiNdodana yaMi ethandekayo; Yizweni.” Umthetho usudlulile. Bukani emuva, umthetho wawungasekho, ubulungiswa babungasekho, ngoba kwahlangatshezwana nakho esiphambanweni. Futhi babona uJesu emi lapho kuphela, uthando lukaNkulunkulu ezweni elilahlekile.

¹⁴⁶ Wayengadingekile ukuba aye eKalvari, bangane, Wayengadingekile ukuba aye eKalvari, kodwa Wahamba,

noma kanjani, ngoba Wakuthanda, Wangithanda, yingakho Waya eKalvari.

¹⁴⁷ Umpristi omkhulu wayengazi ukuthi wayeMnika ukuhlonishwa okukhulu kunakho konke Ake aba nakho ngenkathi eMbhuqa, wathi, “Ake sibone lowo msebenzi wezimangaliso lapho...”

¹⁴⁸ Wamboza ngendwangu emehlweni aKhe, nesosha lamaRoma laMshaya ekhanda ngenduku, lathi, “Wena obona imibono, wena, mprofethi, sitshele ukuthi ubani okushayile. Sizokukholwa,” udeveli ekhuluma. Akazange ezwe amandla.

¹⁴⁹ Kodwa owesifazane omncane owathinta ingubo yaKhe, futhi Waphenduka futhi wamthola, wakuthola ayekucelile: umusa, impela.

¹⁵⁰ Umpristi omkhulu wathi, “Wasindisa abanye, angezisindise yena.” Kunjalo, uma Azisindisa Yena uqobo, Wayezolahlekelwa ngabanye, Wazinikela Yena uqobo ukuze Akwazi ukusindisa abanye. Ukuba Wayesindise impilo yaKhe uQobo, sasiyolahleka, kodwa Wanikela ngokuphila kwaKhe ukuze sisindiswe.

¹⁵¹ Mfowethu, dadewethu, akukho-mbongi...Bahanya bezama ukuthola izwi ukuzwakalisa uthando lukaNkulunkulu. Akukaze kube khona imbongi... Enye yazo yathi:

Uma si...Uma lonke ulwandlekazi
lwalunguyinki,
Futhi sonke isiqu emhlabeni silusiba,
Futhi zonke izibhakabhaka zenziwa
ngephepha lesikhumba;
Ukuloba uthando lukaNkulunkulu phezulu,
Bekuyokomisa ulwandlekazi;
Noma umbhalo ogoqwayo ungaqukatha
wonke,
Nakuba weluleke usuka esibhakabhakeni uye
esibhakabhakeni.

¹⁵² Uthando, hhayi uthando lomunye nomunye, hhayi uthando lwezwe, kodwa uthando lukaNkulunkulu. Uthando lomkakho luwuthando *iphileo*, uthando lukaNkulunkulu luwuthando i-*Agapao*, amamayela ayisigidi ukuphakama. Lonke uthando ngaphandle kothando i-*Agapao* wuthando oluphendukezelwe olunokuphela; futhi yonke into eyayinesiqalo inesiphelo. Nothando lobuntu lwalunesiqalo, futhi lunesiphelo.

¹⁵³ O, uNkulunkulu oPhakade obusisiweyo, uthando lukaNkulunkulu, lwalungenakuqala, futhi alusoze lwaba nokuphela. Lapho izilwandlekazi sezizikhalele zona zaba yizingwadule, nezwe seligcwele kakhulu isono, kuze kuthi amazulu alifulathele, futhi liyadiyazela liphuma emkhathini, njengendoda edakiwe iza ekhaya, “uthando lukaNkulunkulu lusayohlala njalo, iculo labangcwele neziNgelosi.”

¹⁵⁴ Besilisa nabesifazane, ngizweni namhlanje njengomfowenu: Makuthi zonke izimfundiso ezigqamileyo zenu ezincane nemizwa yenu emincane kwehle, nithole uthando lukaNkulunkulu. Ngingaqoka ukuba nothando lwaKhe kunaso sonke isiphiwo Anaso eMbusweni waKhe; nginike uthando lwaKhe. Yilokho izwe elikubhekile namhlanje, ngukubona ukuvezwa obala kothando lwangempela, kuyozuza imiphefumulo lapho unothando. Bangakusho lapho unothando. Sinothando oluningi kakhulu lokuzenzisa, sinothando oluningi kakhulu, uthando iphileo, sizama ukulenza uthando i-Agapao, sidinga olwangempela, uthando lokumesaba uNkulunkulu.

¹⁵⁵ Lapha esikhathini esithile esedlule eNorthwoods enkulu, lapho engangivame ukuzingela khona, nganginomngane enhla lapho ogama linguBert Call. Ungomunye wabazingeli ababedlula bonke engake ngazingela nabo, umlandeli womkhondo, wayephelele, futhi, o, wayenganamathelana nawe ebuhleni nasebubini. Wayewazi amahlathi, kodwa enye yamadoda anezinhliziyi ezinonya kunawo onke engake ngawabona, wayedubula amazinyane ezinyamazane amancane ukuze nje angenze ngimpongoloze ngakho.

¹⁵⁶ Manje, kulungile ukudubula izinyane lenyamazane, uma umthetho uthi ungadubula izinyane lenyamazane, lokho kulungile. Kulungile ukubulala inkonyane, u-Abrahama wabulala elilodwa futhi waliphakela uNkulunkulu. Kunjalo impela. Kulungile, kodwa hhayi ukubulala sonke isigejane sawo ukuze nje ube nonya. Yisimo sakho sokuziphatha, yimpokophelo yakho nenjongo yakho futhi. Yilapho ibandla limi khona namhlanje kulokho, impokophelo yakho nezinjongo kulungile ngakuNkulunkulu, uthando lukaNkulunkulu luzogobhoza phansi njengomthombo. Kunjalo.

¹⁵⁷ Kodwa hhayi ngoba, “Yibandla lami, ngifuna ukulibona edolobheni lakithi, ngifuna ukulibona kwelami...” Akusikho lokho. Kodwa, “O thando lukaNkulunkulu, ngena enhliziyweni yami!” Yilapho Efika khona.

¹⁵⁸ UBert wayenesihluku. Ngomunye unyaka ngenyukela lapho, wayezenzele impempe encane, wayengathatha leyompempe encane futhi akhale njengelincane nje, izinyane lenyamazane eliyingane, leyo yingane yenyamazane idiye, ikhalela unina. Futhi wayeshaya lempempe encane njenge... Ngathi, “Bert, awuzukukusebenzisa lokho!”

¹⁵⁹ Wathi, “O, nina bashumayeli abanenhliziyi yenkukhu!” Wathi, “Ninenhliziyi yenkukhu kakhulu.”

¹⁶⁰ Ngathi, “Bert, anginanhliziyi yenkukhu, kodwa unonya. Ngiyakuthanda njengendoda, ngicabanga ukuthi ungushomi okahle, nophathini engizingela naye, nendoda yangempela ukuba kanye nayo emahlathini, ngethemba wena kunoma

yisiphi isiphepho seqhwa lapho siphuphuthekisa, uyindoda elungileyo, Bert, kodwa inhliziyi yakho ayilungile.”

¹⁶¹ Wathi, “Unenhliziyi yenkukhu kakhulu nje.” Wathi, “Ngiyathanda ukuzibuka zikhubeka.” Ngiyazi ukuthi wayeqamba amanga.

¹⁶² Wathatha lempempe encane ngalolosuku sahamba sayozingela. Sasizingele konke ukusa, sasingabonanga ngisho umzila. Ngale cishe ngesikhathi sasemini sahlala phansi ukuba sidle ilantshi, kwakukhona isikhala esincane lapho sasingumhlabathi ongenalutho. Wafinyelela ngale ukuba athole lempempe, iqhwa lalithi alibe njengoba linjalo emhlabathini manje, mhlawumbe alijulile neze kakhulu kangako, wakhapha lempempe encane, ngacabanga, “O, he!”

¹⁶³ Futhi yakhala njengencane, ingane eyizinyane lenyamazane likhalela unina. Futhi ngenkathi inikeza lokhu kukhala, ngaphesheya nje kwendlela cishe amayadi angamashumi amane ukuqhela, noma cishe kude kangako, omkhulu, umama wensikazi, lowo ngumama wenyamazane idiye, wasukuma. O, wayebukeka emuhle, amadlebe amakhulukazi, amakhulu, amehlo ansundu, imithambo emikhulu ebusweni bakhe. Ngani, ngangimbuka ngqo. Kwakuyini na? Wezwa ingane ikhala, yena, ngokwemvelo, wayengumama, wayengesuye umzenzisi, wayengumama. Ingane yayi . . . Wayengeke avuke noma ngasiphi esinye isikhathi. Wenzani na?

¹⁶⁴ UBert omdala wangibuka ngalokho kusineka kwemvu, futhi wahosha ibhawodi esibhanyini esikhulu, wase ephosa igobolondo phezulu kuleyondawo yokufaka inhlamvu yaleyo .30-06. Futhi, o, wayengumpetha wokunemba. Ngimbonile elinganisa lesosipopolo, lezozimpambano zesipopolo ezinqamula ngqo kuleyohliziyi kamama. Futhi nangu eza ehamba ephumela obala, ebuka; wayengeke neze ahambe kuleso sikhala noma ngayiphi enye indlela, wayesaba. Kodwa kwakuyini na? Yayingumama. Yayi . . . yona . . . Ingane yayikhala. “Ikuphi na? Isenkathazweni.” Ibiyothatha ishansi.

¹⁶⁵ Yaphumela ngqo endaweni evulekile, futhi ngayibona iphendukela emaceleni. Ngenkathi ngibona lesosandla esingatatazeli sikaBert, ngacabanga, “O Nkulunkulu, ungamvumeli akwenze! Kanjani, Bert, ungaba kanjani nonya kangaka na? Lowomama efuna ingane yakhe, futhi uzoqhumisa inhliziyi yakhe kuye. Ungaba kanjani mubi kangaka na?” Ebambe lesosibhamu esikhulu . . . Ngaphendula ikhanda lami.

¹⁶⁶ Ngathi, kwelami . . . phansi kwephimbo lami, ngathi, “Nkosi, leyondoda ingaba kanjani yimbi kakhulu na?” Ngangazi ukuthi ekuthinteni kwaleyongciphu, futhi, leyonhlamvu yayizoqhumisa inhliziyi yakhe iphume kuye. Wayelapho-kuye.

¹⁶⁷ Yambona umzingeli. Ngabe lokho kwayimisa na? Qhabo, mnumzane. Noma ngasiphi esinye isikhathi yayiyoba

njengoHoudini, ingeweti yokuphunyuka, yayiyobe isihambile. Kodwa kwakuyini na? Yayingumama. Into ethize kuyo, ngaphakathi kuyo, yayisho okungaphezu kokuphila. Ingane yayisenkathazweni, yayibuka ukubona ukuthi leyongane yayikuphi.

¹⁶⁸ Ngalinda, futhi ngalinda, isibhamu asizange siqhume, ngaqalaza, futhi nakho kwakukhona isibhamu esikhulu sihamba *kanje*. Ngambuka, izinyembezi zazehla ngezihlathi zakhe. Waphosa isibhamu esikhulu phansi, wayesengidumela ngasemilenzeni, wayesethi, “Billy, sengenele yikho, angikwazi ukukwenza. Nkulunkulu, yiba nomusa enhliziyweni yami embi!”

¹⁶⁹ Khona lapho kuleloqhwa elikhukhulekayo, ngaholela leyondoda enenhliziyu enonya kuKristu, okungukuthi namhlanje, uzulazula emahlathini phezu lapho, onomoya omuhle ngempela, umKristu onenhliziyu emnene. Ngani na? Hhayi ngoba ngangilapho, kodwa ngoba ubone ukuvezwa obala kothando lwangempela, hhayi umzenzisi, hhayi ozenzisa ukuthi ozogijima kukho konke ukwesaba okuncane, kodwa umama wangempela owayengaveza obala olwangempela, uthando lwangokoqobo.

¹⁷⁰ Bazalwane, izwe liyacinga, namhlanje, abesilisa nabesifazane abangaveza obala uthando lukaNkulunkulu kanjalo. O, malibongwe iGama laKhe! Angisakwazi nje ukushumayela.

¹⁷¹ O, ninakho namhlanje na? Ngabe uKristu usho okungaphezu kokuphila na? Ubungaveza obala, akunandaba uma abesifazane bathi uyifeshini endala, uma amadoda esho *lokhu*, *lokho*, *okunye*, uyavuma yini enhliziyweni yakho ukuveza obala uthando lukaNkulunkulu olungene empilweni yakho na? Ubungama ngalelohora na? Yilokho okuzoma ngoSuku lokwaHlulelwa. Futhi lapho izivivinyo ezinkulu ziqhubeka, uNkulunkulu ufuna abantwana abazoveza obala uthando lwaKhe.

Asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje kukho.

¹⁷² Angazi nje ngaphambi kokuba sikhuleke, uma bekuyobakhona oyedwa kulesisakhiwo, okungukuthi ukhona ngiyazi, obeyothi, “Mfowethu Branham, kade ngingumKristu, yebo, ngiyamkholwa uNkulunkulu, kodwa angikaze ngibento ethize e—kimi kanjalo. Ngisenalo ulaka. Nginenzondo nomona. Nginendawo lapho engi—ngicabanga okubi ngomakhelwane wami. Bengisehlelweni lami uqobo kakhulu. Benginobugovu kakhulu. Impilo yami ibingalungile. Qiniso, ngifuna lolothando lukaNkulunkulu engingaluveza obala ezweni ukuthi uKristu uphila kimi, Into ethize kimi engenza ngimele uKristu, njengoba kwakukhona kulowomama omdala

wenyamazane idiye obekuyomenza amele ingane yakhe, ngoba wayengowangempela, wayengumama.”

¹⁷³ Uma nje ujoyine ibandla, noma unokuvuma okuthile, futhi ngempela awukaze ube nalesisehlakalo sikaKristu ngempela enhliziyweni yakho, futhi uyasifuna, ubungasiphakamisa nje isandla sakho, uthi, “Nkulunkulu, yiba nomusa kimi”?

¹⁷⁴ UNkulunkulu akubusise, nenekazi, nawe, nenekazi, wena, mnumzane, nawe, nenekazi, nawe, dadewethu, wena, dadewethu, uNkulunkulu akubusise. Wena ngapha, dade, emuva lapho, yebo, kunjalo. Ngale ngakwesokunxele sami, iNkosi ikubusise, kuhle. UNkulunkulu akubusise, dadewethu onengane. UNkulunkulu akubusise emuva lapha, nenekazi.

¹⁷⁵ “O Nkosi, ngenze, O Nkulunkulu,” (UNkulunkulu akubusise, nenekazi.) “ngenze, o, ukuba ngibe yinceku yaKho. Susa lonke i—izwe kimi. Ngiyazi, Nkosi, ngilalele izinto ebengingafanele ngizilalele. Izikhathi kade ngihlezi lapho ngifunda amaphephabhuku, nezinto, ngenkathi bengifanele ngabe ngifunda iZwi laKho, isikhathi ngenkathi ngangisezansi nedolobha ngithenga, futhi ngehla ngenyuka, lapho engangingabe ngisichithe emkhulekweni. Nkulunkulu, ngithethelele, manje ngiphakamisa isandla sami bese ngithi, ‘Yiba nomusa kimi. Nkulunkulu, ngiphe okuthize...’” UNkulunkulu akubusise, dadewethu. “Nginike okuthize...” UNkulunkulu akubusise, dadewethu. “Nginike okuthize, O Nkosi, okuzongenza umKristu wangempela, njengoba lowomama wenyamazane idiye wayenjalo.”

¹⁷⁶ Kwakukuye. UNkulunkulu akubusise, mfowethu. Kwakuvula kuye ngqo, wayengadingekile ukuba agqoke lutho. Wahamba ngqo ebusweni bokufa.

¹⁷⁷ UNkulunkulu akubusise, ntombi. UNkulunkulu akubusise, ntombi. UNkulunkulu akubusise, mama osemncane lapho. UNkulunkulu akubusise lapha, nenekazi. Yebo. Wenzani na? Yena uyakubona, impela.

¹⁷⁸ “Ngenze, O Nkosi, ngithathe manje futhi ungibumbe. O, kade ngiyilunga lebandla, Nkosi, isikhathi eside, kodwa angikaze ngibe nanoma yini enjalo. Sengiyabona manje ukuthi umfundisi ukhuluma ngani, kungokoqobo, kuyilokho intombi ehlakaniphile eyayinakho esibanini sayo. Kade ngicabanga ukuthi ngi—ukuthi benginakho lokho, kodwa impilo yami iyafakazisa ukuthi angikaze, angimi njengomKristu oyiqhawe, ngisalokhu ngiziphathisa okwezwe, ngiyazithanda izinto zezwe, ngiyathanda ukujabulela lamahlaya nezinto abaziqhululayo kulezizinhlelo zethelevishini, ngiyakuthokozela lokho.” Uma ukwenzisa, uthando lukaNkulunkulu alukho ngisho kuwe. Yilokho iBhayibheli elakushoyo.

¹⁷⁹ Benazi yini ukuthi uBelshazari wayengusomahlaya, umfo waseHollywood njengoba benjalo nje namhlanje, njengoGodfrey

kanye nabo na? Ngifisa sengathi ngabe benginemvuselelo cishe yamaviki amabili lapha kanye nani, ngingathanda ukukhipha lokho futhi nginikhombise okusemiBhalweni.

¹⁸⁰ NiyaMfuna na? UyaMfuna ngempela, mngane na? Yiba qotho. UNkulunkulu akubusise, mfowethu. Akunandaba ukuthi ubuzisho isikhathi eside kangakanani, uma kungekho kuwe, kungani ungethembeki kuNkulunkulu na?

¹⁸¹ Ake nginitshela, iNgelosi kaNkulunkulu efanayo emi lapha ngesikhathi sasebusuku ikhona lapha manje. Kunjalo. Iyakubona. UNkulunkulu akubusise, nenekazi. Iyaliqupha igama lakho. Thembeke, ungaveli nje uphakamise isandla sakho, uthi, “Awu, bengifanele ngikwenze, mhlawumbe,” phansi ngqo enhliziyweni yakho uzimisele ngempela ngoNkulunkulu. Bhekisisa ukuthi kwenzekani ngokushesha nje lapho uphakamisa isandla sakho, Into ethize ibuyela enhliziyweni yakho, futhi ithi, “NgiyiNkosi. Lo uyiNdodana yaMi ethandekayo; Yizweni. Ngizokuhola, mntwana waMi, Ngizokwenza wehluke, impilo yakho izokwehluka.”

¹⁸² Nina eniphakamise izandla zenu, ningama ngezinyawo zenu ngokuthula, umzuzwana nje okwezwi lomkhuleko na? Futhi nina eningaziphakamisanga izandla zenu, ningasukuma, nani na? Nonke geinani ikhanda lenu likhotheme. Wonke lowo ofuna ukukhunjulwa manje, sukuma umzuzu nje.

... olimele, umoya ophukile,
Ngisindise ngomusa waKho.

Msindisi, Msindisi,

¹⁸³ Ubungasukuma na? Uthi, “Nkosi, Uyazi ukuthi ngidingani manje ukuba ngifane kakhulu naWe. Ngibe nolaka. Ngibe nokunganaki. Ngibe nomona. Ngibe nobugovu. Kukhiphe kimi manje, Nkosi. NgizoKukholwa khona manje. Angikaze ngibe nesibindi sokuma, ngitshela ubasi wami ukuthi bengingumKristu. Angikaze ngibe nesibindi sokuma futhi ngitshela lowomuntu obegxeka bebenephutha, bafanele babe namahloni ngabo uqobo. Ngenze kanjalo, Nkosi, ongama njengesikhundla somsebenzi njengomKristu, njengalowomama wenyamazane idiye wayengama njengenyamazane idiye.”

¹⁸⁴ Uma uthando lwesilwane, uthando lwesilwane ngenxa yenzalo yaso, o, he, Baba waseZulwini, cabanga ngakho, uma uthando lwesilwane beluyosenza sime ekufeni ngenxa yenzalo yaso, belufanele lwenzeni uthando lukaNkulunkulu e—esidalweni sokudaliweyo kwaKhe na? Ungama njengaleyonyamazane idiye namhlanje, uthathe indawo yakho phambi kwebandla lapha na?

¹⁸⁵ Wena uthi, “Kodwa, Mfowethu Branham, ngimemezile ngokulinganisana ngqo nalona wesifazane engihlezi ngakuye, noma lendoda.”

¹⁸⁶ Kwenza noma yimuphi umehluko ukuthi wenzeni. Ngabe unalo iqhawwe, ngabe ikhona into ekuwe ezokwenza usukume, futhi uthi, “Yebo, ngizothatha indawo yami. Futhi umkami,” noma ngabe ubani, “angahle abone ukuthi ngiphambi kukaNkulunkulu. Ngifuna ukuba kahle, ngizothatha indawo yami, ngime lapha. Nkulunkulu, Uyangibona, Uyawazi amaphutha ami, alungise, Nkosi. Angikhathali ukuthi omakhelwane bathini, ukuthi noma ubani omunye umuntu uthini, angikhathali ukuthi ibandla lithini, ngifuna ukwazi ukuthi Ucabangani ngami, Nkulunkulu. Futhi uMoya waKho ungilahla ngecala khona manje, ungitshela ukuthi nginephutha?”

¹⁸⁷ Lesi yisimemo sakho, ungahle ungaphinde ube nesinye. Manje, wena osezinyaweni zakho, zithobe manje. Abefundisi, amaKristu, bonke umile, yiba qotho. Manje khumbulani, akusiyo into eyinkohliso, akulutho olugqokayo, nguwe ukholwa uNkulunkulu futhi wemukela lokho Akusho. “Oza kiMi, Angisoze ngamlahlela ngaphandle.”

¹⁸⁸ Yini ekwenze wasukuma ngezinyawo zakho na? Lamantombazane asemancane, laba besifazane abaphakathi nendima yempilo, omama abasebasha, abefundisi, amaKristu, yini ekwenze wasukuma ngezinyawo zakho na? “Akekho ongeza kiMi, uma uBaba waMi engaMdonsi.”

¹⁸⁹ Kuthiwani ngalowomfo ohlezi esakhiweni namhlanje nalowo wesifazane owaziyo ukuthi banephutha, futhi bengeke bame ngezinyawo zabo na? Kuthiwani ngakho-ke na? Kuzokwenzekani esikhathini sokuphela na? Ungabi nazaba. UNkulunkulu uzembulile Yena uqobo lapha, futhi ekhombisa ukuthi UnguNkulunkulu. Kuzoba yini ngaloloSuku na? “Oza kiMi, Angisoze ngamlahlela ngaphandle. Noma izono zenu zibomvu, ziyakuba-mhlophe njengeqhwa; noma zibomvu njengokububende, zimhlophe njengoboya bezimvu.”

¹⁹⁰ Akunandaba ukuthi kuyini, kuvume manje kuYe, uthi, “Nkosi, benginephutha ngokungami ngezinye izikhathi lapho ngifanele. Kade nginephutha, Nkosi, ngoba a—a—angizange. . . Nge—nge—ngenza izinto eyayingalungile, nginecala lesono. Futhi ngenze, O Nkosi, ukuba ngibe ngowaKho namhlanje. Dala enhliziyweni yami lokho obekuyoba kuhle emehlweni aKho, ukuze ngibe yinceku yaKho kusukela kulolusuku kuqhubeke, ngiyaKwethembisa, Nkosi, njengoba ngimi lapha phambi kwabantu. Wena wathi, uma bengiyoKuvuma phambi kwabantu, Ubuyongivuma phambi kukaBaba neziNgelosi ezingcwele. Nginephutha, Nkosi, futhi ngimi futhi ngicela Wena ukuba ususe isono sami. Lolu kungahle kube usuku lwami lokugcina emhlabeni, ngifuna ukuma phambi kwaKho ngingenasici, futhi angikwazi ukukwenza ngenye indlela kodwa ngeNdodana yaKho uJesu.”

¹⁹¹ Uma beninephutha, besifazane, uma beniphila ngokungafanele, beningenaqiniso kuNkulunkulu, noma umyeni, noma umndeni, yimani. Ndoda, uma ubungenaqiniso, unkosikazi, umndeni, noma uNkulunkulu, yima. Usungavele ukuvume manje, kuzophonswa ngaphesheya kukaseyili wesibhakabhaka ngolunye lwalezizinsuku. Abaningi bamile.

Asikhothamise amakhanda ethu manje.

¹⁹² Nkosi Nkulunkulu, Jehova, sicabanga ngaleloGama elikhulu, Jehova-Jira, “INKosi Izozibonela umhlatshelelo.” Nampa labo abamile, Nkosi, owaziyo ukuthi bebesephutheni, abanamahloni, bamile beqonde ngqo, bezimisele ukukususa, ulaka, ubugovu, ukunganaki, ubudedengu. Banephutha, Nkosi, bayazi ukuthi banephutha, bafuna ukuba kahle.

¹⁹³ Wena wathi, “Babusisiwe abalamba bomele ukulunga, bayakusuthiswa.” Lelo yiZwi laKho, Ungeke wabuyela emuva kuLo, Nkosi, futhi Awusoze. Makube kude noMahluleli womhlaba wonke namaZulu ukuba ake asho noma yini eyoba yiphutha! Khona-ke thethelela ukukholwa kwethu okubuthakathaka, futhi asikhuphuke khona manje siye kuleyondawo ebusisiweyo. Sima ihlombe nehlombe, ingalo engalweni, inhliziyoy enhliziyweni.

¹⁹⁴ Nkosi, ngizithatha mina uqobo futhi ngikubeke nalababantu abamile. Yiba nomusa kubo, Nkosi. Ungivumele ngishumayele iZwi, baLizwile, baLikholwa, futhi bafikile, futhi ngiziletha kanye nabo, Nkosi. Sizwe, O Nkulunkulu, sizwe. Sithethelele iziphambeko zethu, futhi usiphe lokho esikufisayo kakhulu enhliziyweni yethu.

¹⁹⁵ Siyaqonda ukuthi siyizidalwa eziqonde ePhakadeni. Amakhanda ethu akhothamele othulini, lapho Osithathe khona, futhi ngoluny’usuku Uzosikhipha kulolothuli, impela nje njengoba kukhona inkanyezi ukuba ikhanye esibhakabhakeni; Wethembisa ukuthi Uyokwenza, futhi Uzokwenza.

¹⁹⁶ Sithethelele izono zethu manje. Sisize ukuba sihambe sisuka lapha namhlanje, izidalwa ezintsha ngenhloso entsha, izinjongo ezintsha, nalokho konke kube ngokwentando yaKho. Asime nokuqinile, ukukholwa kokuzila ukudla, asiziphathe futhi sibe njengoba amaKristu efanele. Senze isibonelo komakhelwane ukuthi lapho sidlula, ukuze abesifazane bangathi, “Nakho kuhamba ongwele kaNkulunkulu, uma wake wabakhona oyedwa, onomoya omuhle, omnene, othambile. Nakho kuhamba ongwele kuleyondoda enqamula kwiphansi lendlu ngaleya, uma kwake kwabakhona indoda emesabayo uNkulunkulu, nanso ihamba, impilo yayo iyakufakazisa. Ngingumakhelwane wayo, umKristu onjalo, ukuhlonishwa okunjalo ukuphila ngakuyo!” Nkulunkulu, siphe khona.

¹⁹⁷ Manje thatha lokho okusilele, Nkosi, kithi ngokuba yilokho esifanele sibe yikho, futhi ubeke kithi, Nkosi, lokho esisilele

kukho. Khipha lokho esingakudingi, bese ubeka kulokho esikudingayo ukusenza sibe njengamaKristu angamaqhawe, ukuqhela ngokuphindwe kasigidi, futhi ngaphezu kokuba isilwane esingumama sasinjalo ngengane yaso. Siphe khona, Nkosi. Simi ekudingeni amandla aKho angcwelisayo, kwangathi singaphiwa wona, ngoJesu, iNdodana yaKho.

¹⁹⁸ Njengoba umile, ukhuleka, ungasheshi kakhulu ukuhlala phansi, cabanga nje imizuzu embalwa: Ubani okuphakamisile na? Ubani okwenze waphakama na? Bekuyini lokho na? Ubani okwenzile na? UKristu. Yilowo Omi ngakuwe, Yilokho okwenze inhliziyu yakho yaguquka, nguKristu. Uyakholwa ngenhliziyu yakho yonke, wena omile, ukuthi leyonto ebingalungile kuwe ngenkathi uphakama, uyakholwa ukuthi uKristu uyakususa kuwe manje, futhi ungahamba usuka lapha, ungumuntu ohlukile, futhi uphile kamnandi, futhi uthobile, futhi umnene, futhi wethembekile kuKristu, zonke izinsuku zakho na? Uma ukwenza, ngifuna ushaye indiva imithetho yamandla adonsela phansi futhi, ukuthi Into ethize enhliziyweni yakho ikutshelile lokho, ngifuna uphakamise izandla zakho, futhi uthi, “Ngikhulwa ngeqiniso ukuthi kusukela kulelihora kuqhubeke ngizoba ngowaKhe, nezinto ebezingalungile kimi sezihambile, manje sengingathatha indawo yami noKristu.”

¹⁹⁹ UNkulunkulu akubusise. Amaphesenti ayikhulu, izandla ziphakeme ndawo zonke. Kunjalo. Manje usungowaKhe. Manje sonke isono sesedlulile.

²⁰⁰ Into emnandi, ngiyaqaphela mhlawumbe umama emile (nani nonke, nisesemkhulekweni), nomfanyana nezinyembezi emehlweni akhe uqobo amancane, aphenduke aba bomvu, uphakamise isandla sakhe nomama wakhe. O, ngijabula kakhulu nje ukuthi uMoya uNgcwele ulapha ukubamba lezozinto ezincane, niyabo, kusho okukhulu kakhulu. Kuyikho ngempela nje. UNkulunkulu anibusise, ngumkhuleko wami. Hamba manje, futhi ube ngumKristu oyiqhawe ngempela. Kwangathi uNkulunkulu angaphumuza umphefumulo wakho oyiqhawe.

²⁰¹ Ngoluny’usuku, uma uJesu elibala, uma kuyimilothe emlotheni, nothuli othulini, nomhlaba emhlabeni, anisoze nalukhohlwa lolusuku. Ngikhuluma eGameni likaKristu. Amen.

²⁰² UNkulunkulu anibusise. Futhi ningahlala phansi manje. Angazi, ngi—ngizizwela nje sengathi ngikolojiwe wonke. Kukhona into ethize iZwi eliyenzayo, Livele lisikolobhe futhi lithole lezozindawana ezindadlana ezibuthakathaka, futhi siyazivuma, iBandla liyaqhubeka, iBandla lifanele liqhubeke. Phila ngobuqhawe, thembeka emsebenzini wakho wokugada, thanda iNkosi ngayo yonke inhliziyu yakho, noNkulunkulu uzokunika isifiso senhliziyu yakho. “Akazukubagodlela okuhle

labo abahamba ngokuqondile phambi kwaKhe.” Niyakukholwa na? Kuhle kanjani, kuhle kanjani, kumnandi kanjani!

²⁰³ Ngitshеле umelusi wenu namhlanje, ngicabange ukuthi uMfowethu Moore eShreveport, eLouisiana waba nelinye lamabandla anomoya omuhle kunawo onke engake ngahamba ngangena kuwo, lowoMoya omnandi ngempela nje. Ngicabange ukuthi lelo bekuyilona bandla kuphela engake ngangena kulo, elalinalayongxenye yalowoMoya, ngiwushintshile umqondo wami selokhu ngifika lapha. Ninokuhle kunakho konke, okumnene kunakho konke, nilungele kakhulu nje, kukhombisa ukuthi beninobushushiso omuhle weVangeli emva kwenu, onibeka eZwini. UNkulunkulu abusise indoda enjalo.

²⁰⁴ UJesu wathi kuPetru, “UyaNgithanda na?”

Wathi, “Yebo, Nkosi.”

Wathi, “Yondla izimvu zaMi. Zondle.”

²⁰⁵ Abantu baphila ngani na? Hhayi ngesinkwa sodwa, kodwa ngawo onke amaZwi aphuma emlonyeni kaNkulunkulu. Lokho kwenza izimvu eziqinile ngempela. Ngijabula kakhulu ngani. UNkulunkulu anibusise.

²⁰⁶ Manje, umvangeli akahlangene ngakho konke nomhlangano, ngumelusi, futhi. Manje ngifuna uMfowethu Sumrall othandekayo ukuba eze lapha ngamazwi azowasho manje.

²⁰⁷ Amakhadi omkhuleko azokhishwa kulentambama phakathi kokugamanxa kwelesithupha nelesikhombisa ngo. Manje, ngize nginibone futhi, uNkulunkulu aphumuze umphefumulo wenu oyiqhawwe. Ngikhulekeleni. 

58-0209A Yizweni
ESouth Bend Gospel Tabernakele
ESouth Bend, E-Indiana E-U.S.A.

ZULU

©2026 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS

P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.

www.branham.org